LUZA NEMISEBENZI UHLELO LOKUTHUTHUKISA IMBONI YENSIMBI

BONISWA MOHALE

KUNGASE kudaleke amathuba omsebenzi angu-2 500 uma uhlelo luka-R40 million, oluhlongozwa embonini yensimbi luphumelela.

Lolu hlelo oluxhaswe yi-National Empowerment Fund (NEF), i-Industrial Development Corporation (IDC) ngokuhlanganyela nenkampani yase-Russia iMagnesium and Metals Ltd ne-TJTI luhlose ukuthuthukisa imboni yensimbi eNingizimu Afrika.

U-Donovan Chimhandamba onguSihlalo we-Rare Metals Industry (RMI) Ltd, uthe lolu hlelo luzosiza kakhulu ekutheni iTitanium ingahanjiswa kwamanye amazwe iluhlaza kodwa ngokusebenzisana nezinkampani zase-Russia isizokwazi ukwenziwa nokunye.

"Ukumba ititanium kuyabiza kanti uma ithunyelwa kwamanye amazwe iluhlaza nje, iNingizimu Afrika ayingenelwa mali eningi.

Lolu hlelo luzoqinisekisa ukuthi iyahlanzwa futhi yenziwa nokunye okuzoqinisekisa ukuthi ilanda imali eningi emazweni angaphandle," kusho uChimhandamba.

I-titanium wuhlobo lwensimbi etholakala ematsheni kanti okubalulekayo ngayo ngukuthi iqinile ikwazi ukukhiqiza izinto ezahlukene, phakathi kwazo okubalwa ama-chip, amakhompyutha, amaselula, amakhemikhali angasetshenziswa ukukhiqiza imithi, i-nuclear nokunye okuningi.

UChimhambanda uthe balindele ukuthi kuqashwe abantu abangu-2 800 abanamakhono uma kusaqala lolu hlelo kanti abantu abangu-5 000 bazoqashwa ngokugcwele uma umsebenzi usuqala ngo-2014.

UKUKHIQIZWA kwe-titanium kuzokwakha amathuba amaningi emisebenzi
Isithombe: REUTERS

Kuzobuye kube nohlelo lokushintshana ngamakhono phakathi kweRussia neNingizimu Afrika ukuze abantu bakuleli babe ngongcweti kulo msebenzi.

INhloko yeChemicals Industries kwa-IDC, uHilton Lazarus, uthe bayalweseka lolu hlelo ngoba luzothuthukisa imboni yezimbiwa.

Okwamanje kusenziwa ucwaningo (Pre-Feasibility Study) oluzoveza ukuthi umsebenzi walolu hlobo ungakwazi yini ukwenzeka.

Kuzokhumbuleka ukuthi ngaphambi kokuba izinkampani ziqale ukuthatha amagugu nezimbiwa kumele zenze ucwaningo oluzosho kuthi indawo iwulungele yini umsebenzi walolu hlobo.

Uma luphumelela lolu hlelo luzofaka u-US 1.2 billion emnothweni wakuleli.